# Seluqalile olokugonywa kwezinja namakati

BONISWA MOHALE

UNGQONGQOSHE wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu, udonse abantu ngendlebe wathi mabagome izinja namakati ukuvimbela ukubhebhetheka kwezifo.

Izolo uMthembu wethule ngokusemthethweni uhlelo lokugonywa kwezinja namakati eTshelimnyama.

"Sithenge imitholampilo engomahamba nendlwana eyisishiyagalombili enendawo yokuhlinza nakho konke okudingeka uma unakekela izilwane. Sizohambela zonke izindawo zaKwaZulu-Natal ukuqinisekisa ukuthi zonke izilwane ziyagonywa futhi ziyathenwa. Uma zingagonyiwe ziba namarabi bese zibeka impilo yabantu engcupheni ngoba ezimlumayo uyagula uma engalutholanga usizo lwezempilo," kusho uMthembu.

Uthe abantu kufanele bafake izicelo zokuthi imitholampilo ize ezindaweni zangakubo ngoba bafuna ukwenza isiqiniseko sokuthi izinja ziyathenwa ukuze zingazali minyaka yonke.

Abantu bangathinta amahhovisi ezolimo asezifundeni abazakhele.

"Uma izinja zizala yonke iminyaka kusho ukuthi abanikazi bazo baphisana ngazo zande ngokwedlulele. Abantu siyabafundisa ngokunakekela izinja namakati, bese sijovela nezifo ezahlukene ezihlasela izilwane zasemakhaya."



UNKK Margaret Dimba obeyogoma inja yakhe uToys eTshelimnyama

Isithombe: BONGANI MBATHA

UMthembu uthe uhlelo lokuyisa usizo lokunakekela izilwane emphakathini seluvule namathuba emisebenzi njengoba besebenzisa abasuke bekade bethola iziqu zabo emkhakheni wokunakekelwa kwezilwane.

Uhlelo lokusebenzisa abasanda kuthola iziqu luqale ngoJanuwari 2016 kanti lutholakala ezifundeni ezingu-9 esifundazweni okubalwa kuzo Umkhanyakude, King Cetshwayo, Uthukela, Ugu, Harry Gwala, uMgungundlovu, Amajuba, Zululand naseThekwini.UNkk Margaret Dimba (68) obehamba nomdlwane wakhe uToys onamasonto angu-13 uthe ufisa ukuthi umtholampilo wezilwane ufike njalo emuva kwezinyanga ezintathu.

"Uhulumeni kade wagcina ukusilethela umtholampilo wezilwane, siyafisa ukuthi ahlale ewuletha ukuze izilwane zethu zihlale ziphila. Sinezinja ezingaphezu kuka-600 lapha eTshelimnyama esizifuyile ngoba sifuna zixoshe amaphara. Uma uhulumeni engezanga nomtholampilo wakhe izinja zethu ziyafa ngoba asinayo imali yokuzihambisa kodokotela bezilwane abamba eqolo," kusho uNkk Dimba.

UNksz Thembeni Mkhize (34) obehamba nekati lakhe uKitty ugqugquzele abantu basemalokishini ukuthi baphume ngobuningi babo bayogoma izinja namakati ngoba kuyabiza ukwenza lokho kodotela bezilwane.